IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

UmSamariya Omuhle



Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: M. Maillot; Lazarus

Ifanekiswe ngu: Ruth Klassen; Sarah S.

Alastair Paterson

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children
www.M1914.org

©2020 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

“Mfundisi! Ngenze njani ukuze ngithole ilifa lempilo engunaphakade?”

Lendoda eyayibuza
lombuzo yayi ngummeli,
izama ukukhohlisa
uJesu. “Uthini umthetho
kaNkulunkulu na?”
Kuphendula
uJesu.

“Thanda uNkulunkulu kanye nomakhelwane wakho,” kusho indoda.
“Kodwa ngubani umakhelwane wami?” kubuza lendoda.

Ukuze aphendule umbuzo wale ndoda, uJesu waxoxa indaba yendoda eyayihamba emgwaqweni osuka eJerusalema oya eJeriko. Lendoda yahlaselwa yizigebengu.

Izigebengu zeba konke,
ngisho nezingubo.

Baphinda bamulimaza kakhulu,
bamushiyela ukufa eceleni
komgwaqo.

Ngenhlanhla kwadlula umpristi.
Uzayisiza lendoda elimele
nakanjani.

Lutho! Ngenkathi ebona
lendoda iphuma igaza,
wajomba umgwaqo.

Ngomsindo wezinyathelo kwadlula enye indoda. Yayi ngumLevi – isilekeleli sompristi ethempeleni.

Wahamba wayoqalaza lendoda elimele, kodwa wazihambela engasizanga.

Ekugcineni kwadlula umSamariya.
AmaJuda ayewa zonda amaSamariya.

Abantu ababelalele indaba kaJesu babengalindele ukuba umSamariya uye owayezoba iqhawe. Kodwa kwaba nguye. UmSamariya waye nesihle, futhi wama wasiza.

UmSamariya waguqa,
ngesineke wafaka
imithi futhi wabopha
namanxeba kalomfokazi.
Waphinda wamthatha
wamhlalisa kwimbongolo
yakhe.

Esiphumulweni, umSamariya wanakekela lendoda ubusuku bonke.

Ekuseni wakhokhela umphathi
wesiphumulo ukuba anakekele
lesihambi size
sibe ngcono.

Yaphela indaba. UJesu wabuza, "Ubani umakhelwane walendoda elimele?"

Ummeli waphendula,
“Umakhelwani
wakhe umSamariya
omtshengise isihle.”

“Hamba, futhi wenze ngokunjalo,” kuphendula uJesu. Umakhelwane inoma ubani odinga usizo. Sitshengisa uthando ngokusiza abantu abadinga usizo. Lokhu kujabulisa uNkulunkulu.

UmSamariya Omuhle

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Luka 10

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130

Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16